# ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

## IPHEPHA LOKUQALA (P1)

## NOVEMBA 2019

## IBANGA LE- 10

**AMAMAKI:** 80

**ISIKHATHI:** Amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi ayi-13

## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Isivivinyo sokuqondisisa | (30) |
| ISIQEPHU B: | Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: | Uhlelo nokusetshenziswa kolimi | (40) |

2. Fundisisa YONKE imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.
3. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.
4. Qala isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA bese udweba umugqa emva kwaleso siqephu.
5. Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhalwe embuzweni.
6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.
7. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.
8. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
9. Ungahlukanisa isikhathi obhala ngaso ngokwalezi ziqephu:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | imizuzu engama-50 |
| ISIQEPHU B: | imizuzu engama-30 |
| ISIQEPHU C: | imizuzu engama-40 |

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

### UMBUZO 1

1.1 Fundisisa lesi siqephu esingenzansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO A (Okufundwayo)**

**UJAJI THOMAS REETSENG MOGOENG**

1 UThomas Reetseng Mogoeng oyijaji elikhulu lenkantolo yomthetho-sisekelo yaseNingizimu Afrika wazalelwa edolobheni elincane elaziwa ngokuthi iKoffiekraal esifundazweni saseNorth West mhla ziyi-14 kuMasingana 1961. UThomas Mogoeng uyena omdala kunabafowabo ababili. Abazali bakhe babengafundile. Umama wakhe wayengumsebenzi wasezindlini kanti ubaba wakhe wayesebenza efemini. Impilo yayinzima kakhulu kulo mndeni wakwaMogoeng. Nokho isimo sakubo sezomnotho esasingesihle asimvimbanga ukuthi aqhubekele phambili ekwenzeni ikusasa lakhe liqhakaze.

2 UMogoeng ukhule elusa izinkomo njengezingane eziningi zasemakhaya. Ngesikhathi efunda ibanga lokuqala akaliphumelelanga/akaliphasanga waze waliphinda kabili. Kuthiwa lokhu kungaphumeleli kwakhe kwamphatha kabi kakhulu ngoba ezinye izingane zazimuhleka. Ubuhlungu badlulela ngesikhathi kufika umthandazi etshela abazali bakhe ukuthi ngeke aze aphumelele esikoleni uyogcina ngokushayela ogandaganda basemapulazini abalimi.

3 Kubukeka sengathi isiprofetho sikamthandazi asimqedanga wonke amandla uMogoeng ngoba emva kwalokho wasebenza ngokuzimisela okukhulu. Ngisho ukulusa izinkomo zakubo akuzange kusamphazamise ezifundweni zakhe. Iphupho lakhe kwakungukwenza impilo yakhe ibe ngcono kakhulu endaweni yaseKoffiekraal. Ngamaholide kakhisimuzi uMogoeng wayelekelela nangeminye imisebenzi yasekhaya njengokuyolima emasimini kodwa isikhathi esiningi wayesichitha emadlelweni eluse izinkomo. Yizo kanye lezo zinkomo ezasiza ukukhokhela izifundo zakhe zezomthetho ayezenza eNyuvesi yaKwaZulu-Natali. Umama wakhe wayethi uma emubuza ukuthi kungani efuna ukwenza izifundo zezomthetho aphendule ngokuthi ufuna ukwenza lokho uNkulunkulu afuna akwenze ngengqondo yakhe ekhaliphile.

Wathatha izifundo zobummeli eNyuvesi yasOngoye eyayaziwa ngokuthi
iNyuvesi yaseZululand. Wangena kakhulu kwezomzabalazo
4 esenhlanganweni eyayilwela amalungelo abantu abamnyama.
Kungaleso sikhathi lapho acishe wabulala ikusasa lakhe ngokucwila
ophuzweni oludakayo. Umngani wakhe abafunda naye ekubona lokho
wamesabisa ngokuthi uzobhalela ubaba wakhe amcebe bese emlanda
ngoba **useyaphuma esandleni**. Lasebenza lelo cebo likamngani wakhe
ngoba kusukela ngaleso sikhathi wayishintsha indlela ayesephila ngayo.
Namuhla uMogoeng uyambonga kakhulu umngane wakhe ngokusindisa
impilo yakhe. Emva kokuthola iziqu zakhe uMogoeng, wathola umsebenzi
wokuba utolika (interpreter) enkantolo enkulu yaseMahikeng. Ngonyaka
we-1986 kuya kowe-1990 wayesebenza njengomshushisi enkantolo
ephezulu yaseMahikeng.

UMogoeng wakhethelwa (appointed) ezikhundla ezehlukene esingabala
5 kuzo lezi ezimbalwa ezilandelayo: isekela likasihlalo weNkantolo
yaseMafiheng, usihlalo weBophutswana Chapter of Human Right, ijaji
enkantolo yokudlulisela amacala abasebenzi kanye nokuba umfundisi
omkhulu (senior lecturer) eNyuvesi yaseNorth Mafiheng. Ngonyaka we-
1994 wasebenze ku-Independent Electoral Commission.

6

Ngesikhathi ekhethwa ukuba abe ngumongameli wamajaji eminyakeni
emine eyedlule kwathiwa uMongameli Zuma umkhethe ngoba
engumngani wakhe. Amaqembu aphikisayo nabahlaziyi bezepolitiki
babethi akanalo ulwazi olujulile maqondana nenkantolo
yomthethosisekelo. Bamugxeka (criticize) kakhulu umongameli wezwe
ngokungawakhethi amajaji **asemnkantshubomvu** enkantolo
7 yomthethosisekelo kodwa ajahe ukufaka uMogoeng.

Okunye okwenza igama likaMogoeng libe libi, ikakhulukazi kosopolitiki,
ukuthi ungumfundisi (priest). Wayesolwa ngokuthi inkolo yakhe
izokwenza angathathi izinqumo ngendlela efanele enkantolo. Ohlelweni

lweWatchmen on the Wall okuwuhlelo olukwiFaith Broadcasting Network, uMogoeng wathi inkolo yakhe ngeke iphazamise izinqumo nezifungo azenza ngesikhathi ethatha isikhundla sokuba ngumongameli wamajaji.
8 Kulolo hlelo wabuye wathi uyakholwa ukuthi njengomehluleli wenza umsebenzi awunikezwe uNkulunkulu.

Uqale ukuzakhela udumo olukhulu uMogoeng ngesikhathi ephatha ngesinono amacala anzima ezweni laseNingizimu Afrika. Kwathi nalabo bantu ababekade bethi abukho ubulungiswa kuleli lizwe laseNingizimu Afrika baqala babuyelwa yithemba. Wababonisa abantu ukuthi uzimisele ukuvikela umthethosisekelo wezwe ngaphandle kokwenzelela nokwesaba noma ngabe yimuphi umuntu. Indlela ahlulela ngayo ikuveze ngokusobala ukuthi izinqumo ezithathwa enkantolo yomthethosisekelo zincike kumthethosisekelo wezwe hhayi kulokho okuthandwa abezepolitiki. UMogoeng wathi akayivumeli ingcindezi (pressure) iphazamise umsebenzi wakhe. Waqhubeka wathi yena akakholelwa ekwenzeni izinto ukuze anconywe noma athandwe abantu kodwa ukholelwa ekwenzeni lokho okufanele kwenziwe nje kuphela.

*[Icashunwe ephephabhukwini i-Drum]*

1.1.1 Ubani igama nesibongo sesishoshovu okubhalwe ngaso lapha? (2)

1.1.2 Besihlanganisa iminyaka emingaki lesi sishoshovu okubhalwe ngaso? (1)

1.1.3 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe:

Ilokishi laseSOWETO likhusiphi isifundazwe:

A Mpumalanga Koloni.
B Ntshonalanga Koloni
C Gauteng
D KwaZulu Natali. (1)

1.1.4 Bashona ngamuphi unyaka abazali bakaNkk. Madikizela-Mandela? (2)

1.1.5 Tomula umusho esigabeni SESIHLANU ochaza ukuthi uNkk. Madikizela Mandela wehlukanisa nomyeni wakhe. (2)

1.1.6 Yikuphi ayekwenza uNkk. Madikizela Mandela okwakusiza intsha ichithe isizungu kodwa okwagcina kumfaka enkingeni? Chaza ndephuzu ELILODWA (2)

1.1.7 UNkk. Madikizela Mandela wakhombisa ukwethembeka eqenjini lezepolitiki alisebenzela iminyaka?. Fakazela lesitatimende. (2)

1.1.8 Yini eyayenziwa uhulumeni wobandlululo kuNkk Madikizela-Mandela ndesikhathi kusaboshwe umyeni wakhe? Bala OKUBILI. (2)

1.1.9 UNkk. Madikizela Mandela wakhethelwa izikhundla eziningi. Bhala EZIMBILI ukufakazela lokhu. (2)

1.1.10 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezibhalwe ngokugqamile njengoba zisetshenzisiwe endabeni:

1.1.10.1 Ubaba wakhe amlande ngoba **useyaphuma esandleni.** (2)

1.1.10.2 Amajaji **asemnkantshubomvu** enkantolo yomthethosisekelo. (2)

1.1.11 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi ukubekwa kwakhe uMogoeng esikhundleni sokuba ngumongameli wamajaji abantu babengathembi ukuthi uzosiphatha ngendlela efanele? Sekela impendulo yakho. (2)

1.1.12 Ngokucabanga kwakho yikuphi okumele kwenziwe ukukhuthaza intsha yanamuhla ukuze ikubone ukubaluleka kwemfundo . Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.2 Bukisisa le khathuni bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO B (Obukwayo)**




*[Isithombe sicashunwe kuSolezwe 2013 sahunyushwa kabusha]*

1.2.1 Bhala okukodwa okukhombisa ukuthi uMaMkhize uyakwazi ukufunda? (1)

1.2.2 Yini ekhombisa ukuthi umkhulu uyasebenza kule khathuni? (1)

1.2.3 Tomula umusho okhombisa ukuthi umkhulu uyamethemba uYaya ukuthi uzophasa. (2)

1.2.4 Wena njengomfundi webanga le-12 ufisa kukhishwe amagama noma izinombolo ephephandabeni lemiphumela? Sekela impendulo yakho. (2)

**[30]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

### UMBUZO 2

Fundisisa lesi siqeshana esingezansi bese usifingqa ngamaphuzu ayi-7, ubhale ngezinto ongazenza ukwenza umshado ungabizi.

### IMIYALELO

1. Bhala ngemisho ephelele. Amagama angeqi/angadluli kwangama-60
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kwye-7
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye
4. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile bhala inani lamagama owasebenzisile.

**UKWENZA UMSHADO OBIZA IMALI ENCANE.**

Kulezi zinsuku uma ufuna ukushada kumele ubeke imali eningi. Imishado yanamuhla isezingeni eliphezulu kakhulu, kuyancintiswana (competing). Wonke umuntu oshadayo ufuna ubukhazikhazi emshadweni wakhe. Ukuvela kwemishado kwithelevishini nakho kufaka enkulu ingcindezi. Umuntu kumele abheke iphakethe lakhe uma esezimisele ngokushada.

Imishado eminingi iba nabahleli (wedding planners) kanti lokho kuyabiza kakhulu. 1 Abashadayo abazihlelele umshado wabo. Bayazazi izinto ezibalulekile abazidingayo futhi ezingabizi. Mababhale konke ebakufisayo emshadweni wabo. Bangangena naku-internet babuke izinhlobo zemishado ukuze babone abangakwazi ukukwenza ngemali abanayo.

Wonke umuntu uyathanda ukuya emshadweni. Abashadayo kufanele abashadayo 2 bameme abantu abasondelene nabo kakhulu ukuze bangazifaki ezikweletini. Kuhle ukuqala ngomndeni bese kulandela izihlobo ezisondelene nani kanye nabangani.

3 Amakhadi ezimemo bangazenzela ukuze behlise izindleko noma bathenge lawo asenziwe 4 ezitolo. Ukuthola indawo enjengepaki noma engadini yesonto noma yomuzi kushibhile. Indawo abazoshadela kuyo kufanele ibukeke kahle kodwa ingabizi. Bangahlobisa ngendlela yabo abayithandayo. Lokhu kungonga (save) imali eningi.

Ukuqasha imoto yekhethelo ngosuku lwakho lomshado kuhle kodwa kuyabiza kakhulu. Ngaphambi kokuyiqasha ungaboleka nezihlobo abanezimoto eziphambili. Ungacela futhi 5 inkampani yezimoto zikanokusho ukubakhangisele izimoto zabo ngomshado wakho. Ngaleyo ndlela izindleko ziyehla.

Ukudla komshado kufanele kuconsise amathe. Ngelanga lomshado ungacela ushefu okwazi ukuphekela imicimbi bese ufuna abantu abazomlekelela. Lokhu kungasiza ngoba abapheki babiza kakhulu. Amalungu omndeni nabangani bangalekelela ngokupheka okuthize noma balethe amasaladi.

Kweminye imishado umakoti uba nengubo yasebusuku nasemini. Ukuthenga ingubo yomshado angakwazi ukuyigqoka emini nasebusuku kungehlisa izindleko (expenses).

Kumele sikhumbule ikusasa ngaphambi kokwenza umshado wokubukisa kubantu

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

## UMBHALO C (OFUNDWAYO)

## ISIQHEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

### UMBUZO 3

Bukisisa lesi sikhangisi bese uphendula imibuzo ezolandela.




[Sicashunwe ku*Drum*, Septhemba 2016 sabuye sahunyushwa]

3.1 Kukhangiswani umkhiqizo okwenza ube njani lapha? (1)

3.2 Bhala izinto EZIMBILI iPerfect Choice ekuvikela kuzo (2)

3.3 Sinamthelela muni isithombe salo wesifazane esivezwe lapha? (2)

3.4 Nciphisa igama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:

Vikela **isikhumba** sekhanda enkwethwini. (2)

3.5 Tomula ibizonto esikhangisweni bese wakha umusho wakho. (2)

3.6 Bhala isifinyezo segama u**Dokotela.** (1)

[10]

**UMBHALO D (Ofundwayo nobukwayo)**

**UMBUZO 4**

Bukisisa le khathuni bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO E (Ofundwayo nobukwayo)**




4.1 Izandla zomuntu wabuphi ubulili lezi ezivele lapha? (1)

4.2 Le khathuni yabhalwa ngayiphi inyanga yonyaka? Sekela impendulo yakho. (2)

4.3 Yikuphi okukhombisa ukuthi lo wesifazane uphila esikhathini samanje? (2)

4.4 Humusha lo musho olandelayo ube yisiZulu.
"Happy Mbokodo Month!" (2)

4.5 Hlobo luni lwesichasiso igama elibhalwe ngokugqamile kulo musho?
Izandla akuzona ezokushaya nokuhlukumeza umuntu **wesifazane.** (2)

4.6 Bhala igama elisho okufanayo nelithi, " **abasakuqonda"** (1)

[10]

**UMBUZO 5**

5.1 Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela:

**UMBHALO F (Ofundwayo)**

5.1 Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela.

| |
|---|
| Intsha yamanje kayisafani neyakudala. Ziningi izinto esezishintshile okumele nabazali bazazi. Ukungaziphathi kahle nokungahloniphi akusiyo inkinga yentsha kodwa inkinga yabantu abadala abangafuni ukushintsha indlela abakhulisa ngayo izingane zabo.<br><br>Amalungelo amaningi atholwa intsha ayazivikela izingane eziningi kodwa awazikhulisi ukuba zikwazi ukuzimela. Ingane uma yonile umzali akasakwazi **nokuyithintitha** kancane nje. Umzali usengaboshwa izandla nezinyawo uma eke wayithethisa nje. Ngike ngicabange uma kungathiwa umdlalo webhola kawunaye unondweba. Yonke imithetho yokudlala ingaphulwa kugcine empini. Yebo kuyiqiniso ukuthi abazali kumele bashintshe indlela abazikhulisa ngayo izingane zabo kodwa nazo kumele zazi ukuthi indlela ibuzwa kwabaphambili. |

5.1.1 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe:

Igama **ukuthintitha** esiqeshini esingenhla lisho okulandelayo

A ususa ukungcola

B ukushaya kancane

C ukushaya kakhulu (1)

5.1.2 Bhala igama eliphikisa leli elibhalwe ngokunzima emshweni ongenzansi.

Umzali **usengaboshwa** izandla nezinyawo. (1)

5.1.3 Bhala umusho lapho usebenzise khona ibizo **izingane** nesabizwana sokukhomba buqamama. (2)

5.1.4 Guqula leli gama elibhalwe ngokugqamile likhombe ubuncane (isinciphiso) bese uzakhela ngalo umusho.

Abafundi balandela **umthetho**. (2)

5.1.5 Sebenzisa isiqu u "**-dlala**" ukwakha ibizonto ozolisenzisa emshweni ozakhele wona. (2)

5.1.6 Khipha isandiso sesimo kulo musho olandelayo bese uzakhela owakho umusho ngesandiso.

Ukungaziphathi kahle nokungahloniphi akusiyo inkinga yentsha (2)

**[10]**

5.2 Bukisisa lesi sikhangisi esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.




5.2.1 La bantu abalapha balungele ukwenzani? (1)

5.2.2 Lo wesifazane oqoge izandla ukhuluma nobani? (1)

5.2.3 Insizwa yezibuko iyamdabukelala lo ehleli naye? Vuma noma uphike usekele impendulo yakho. (2)

5.2.4 Guqula lo musho olandelayo ukhombe ukuvuma.
Ngiyazi baba angifundanga. (2)

5.2.5 Sebenzisa isiqu osinikiwe ukuchaza okwenzeka kulesi sikhangisi.

5.2.5.1 -Mhlophe isibaluli (2)

5.2.5.2 –mbe inani (2)

[10]

**[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 40**

**AMAMAKI ESEWONKE 80**